kumkami, “Sithandwa, Ngimele konke engingakumela.” Futhi ngathatha amatomu futhi ngadonsa ibhiza elikhokhelayo, futhi ngaqala ukuqonda entshonalanga.

<sup>121</sup> Futhi iLizwi lathi kimi, “Lapho lokhu kusenzakala, khona-ke yana entshonalanga.”

<sup>122</sup> UMfowethu Wood, ukontilaka lapha ebandleni lethu, lomphathi. Bangaki abawukhumbulayo umbono manje, liyangikhumbula ngilitshela na? Sibili. Ubhaliwe phansi ephepheni. Futhi ngathi kuMfowethu Wood...Wathenga, ebandleni, lindawo ngaphakathi lapho. Futhi wayezakwakha indlu yamatshe lapho. Ngathi, “Ungakwenzi, Mfowethu Wood, ngoba abasoze bakunike imali yakho kukho. Mhlawumbe, mhlawumbe...” Yiminyaka edluleyo, iminyaka emihlanu edluleyo. Ngathi, “Bazaliletha, mhlawumbe, balethe lelo bhohloho baledlulise ngalapha, futhi lawo matshe mhlawumbe yindlu yami yangaphansi idutshuliwe, lezindledlana zami lezinto, zilele phandle lapho.” Kulokuthi kube ngamatshe, kwakuyizihlephu zekonkili. “Futhi-ke bazakubeka lokho phansi lapha, ngoba bathi ephepheni yikho lokho abazama ukukwenza.” Awu, akazange ayakhe. Ekucineni benza isinqumo, ukugaba ngumnyaka emva kwalokho, kumbe emibili, babezalidlulisa lapho, kusehla ngalindlela. Ngakho lokho kwaqeda indaba, ngakho ngakukhohlwa nje, futhi ngakuyekela kwedlula.

<sup>123</sup> Manje, into emangalisayo yenzakala phose umnyaka odluleyo. Ngangisiba lezinkonzo ngobunye ubusuku phansi koMfowethu uJunior Jackson. Ohlezi khona lapha, umtshumayeli weMethodisti owamukele uMoya oNgewele, futhi owabhaphathizwa eBizweni likaJesu Khristu, futhi welusa elinye lamabandla ethu.

<sup>124</sup> Ukulitshengisa nje ukuthi uNkulunkulu usebenza njani labantu laba, ngikutsho lokhu ngenhliziyo yami yonke. Kangazi ngokwelinye ibandla emhlabeni wonke, ibandla ndawonye njalo futhi, lapho engikholwa uMoya kaNkulunkulu okhona, kulaleli ibandla. Balokwehlukana kwabo. Ngeqiniso abakho lapho abafanele ukuba babekhona, akula lamunye wethu, kodwa baseduzane njengaloba nguphi engimaziyo.

Ngizalitshengisa, ngisazi lokho okwakuzakwenzakala.

<sup>125</sup> UMfowethu Jackson waphupha iphupho. Wayengenelisi ukusuka kilo; futhi ngangitshiya ibandla lakhe, futhi wayengenelisi ukukumela.

<sup>126</sup> Sekuyisikhathi eside okunganani kwenzakele, Mfowethu Jackson? [UMfowethu Jackson uthi, “Ngaba lephupho ngoNhloLANJA ka ’61, Mfowethu Branham.”—Mhl.] UNhloLANJA ka ’61, waba lephupho.

<sup>127</sup> Futhi wabuya kimi, futhi wathi, “Enye into isenhliziweni yami. Kumele ngikutshela, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Qhubeka, Mfowethu Jackson.”

<sup>128</sup> Futhi wathi, “Ngaphupha iphupho.” Futhi nanko lapho! Ngahlala nje ngathula, futhi ngalalela lokukhangela. Wathi, “Ngaphupha ukuthi kwakuleqaqa elikhulu sibili, njengaphandle ensimini, lapho utshani olungumbala wesibhakabhaka kumbe enye into eyayinjalo.” Futhi wathi, “Phezulu esiqongweni saloluqaqa, lapho amanzi ayekhukhule inhlabathi, kwakuledwala elisesiqongweni, phezulu esiqongweni soqaqa, njengesiqongo sentaba. Kwakulidwala; kungelatshani. Futhi lapho amanzi ayekhukhulele phansi, ayeqophe olunye uhlobo lwamabala kulawamatshe. Futhi wawumile lapho, uchasisa lumbhalo kulawamatshe.” Futhi wathi, “Sonke thina,” futhi nansi indlela akubeka ngayo, wathi, “abazalwane abavela eGeorgia, labavela endaweni zonke, sasimile sonke ndawonye, silalele kuwe uchasisa lumbhalo ofihlakeleyo phezu kwalawomatshe, leyontaba.”

<sup>129</sup> Futhi wathi, “Khona-ke wadobha enye into, njengokuvela emoyeni, enye into enjengesimbo, kumbe—kumbe umgqala.” Kwakungayisikho na, mfowethu? “Enye into enjengaleyo, isimbo, esibukhali sibili.” Futhi wathi, “Khona, ukuthi wakwenza njani, kangazi.” Futhi wathi, “Watshaya isiqongo saleyo ntaba, wayiqephula yonke indawo, futhi waphakamisa isihloko sayo wasikhupha. Sasisesimweni sephiramidi. futhi waqephula isiqongo sayo wasikhupha.” Manje, kwakuzinyanga lezinyanga lezinyanga uMbiko wephiramidi ungakatshunyayelwa. Futhi wathi, “Ngaphansi kwalokho kwakulelitshe elimhlophe, igranayithi. Futhi wena wathi, ‘Ilanga, kumbe ukukhanya, akukaze kukhanyise kuLokhu ngaphambilini. Khangelani phakathi kuLokhu. Khangelani Lokhu.’”

<sup>130</sup> Futhi lokho kuqondile, ngoba, ekubunjweni komhlaba, umhlaba wabunjwa kungakabi lokukhanya. Sonke siyakwazi lokho. UNkulunkulu wahamba phezu kwamanzi. Futhi—futhi-ke, ekuqaleni, Wakhuluma ukuba lokukhanya. Futhi, ngokwemvelo, kusehla ngaphansi ngale, esikhathini lokho kubunjwa kusenziwa, lokho kukhanya kwakungakaze kubuye phezu kwalelo litshe.

<sup>131</sup> Futhi wathi, “Khangelana phezu kwaLokhu. Ukukhanya akuzake kubuye phezu Kwakho ngaphambilini.” Futhi lapho bonke besukuma, futhi ngabatshela ukuthi bakukhangele Lokho, futhi bonke babuya ukuzokhangela phakathi.

<sup>132</sup> Kodwa wathi, lapho besakhangele phakathi, wakhangelana ngecele lelihlo lakhe, ngiyakholwa kwakunjalo, futhi wangikhangela. Nganyonyobela kolunye uhlangothi, futhi ngaqala ukuya eNtshonalanga, ekutshoneni kwelanga; ngiqansa oqaqeni, ngisehla phansi oqaqeni; ngiqansa oqaqeni, ngisehla

oqaqeni; ngisiba mncinyane lokuba mncinyane, futhi ngahamba ngaze ngacina ngingasabonakali.

<sup>133</sup> Futhi wathi, khona-ke, lapho ngisenza lokho, wathi, “Khona-ke abazalwane batshibilika, emva kwesikhatshana, bathi, ‘Unyamalele na? Uye ngaphi na?’” Futhi wathi, “Abanye basuka bahamba *leyo* ndlela; abanye bathatha indlela eyodwa, futhi abanye eyinye.” Kodwa, abalutshwane sibili bahlala futhi bakhangelana ngakulokho engangibatshele khona.

<sup>134</sup> Manje nanzelela incazelo yephupho. Khona, angizange ngimtshele into eyodwa, kumbe loyedwa walaba engabatshelelayo, loba wuphi wabo. Kodwa, ngathi, “Yebo.” Futhi inhliziyi yami, iqhuqha. Ngangikhangele. Manje, umbhalo oyimfihlakalo . . . Manini, ngizakukutshiya okwesikhatshana.

<sup>135</sup> Kungasikude, uMfowethu Beeler. . .UMfowethu Beeler uvame ukuba lathi. Ungabe ulapha na, Mfowethu Beeler? Yebo, emuva lapha. UBilly wathi, “UMfowethu Beeler udabukile. Waba lephupho elingazwisisekiyo.”

<sup>136</sup> Ngaya kuMfowethu Beeler, futhi wathi, phansi endlini yakhe ngobunye ubusuku, lapho ngisiya lapho engangibizwe khona. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, ngibe lephupho elingazwisisekiyo.” Wathi, “Ngiphuphe ngisehla phansi esifuleni samanzi, kusiya entshonalanga. Futhi kwakulomgwaqo kuhlangothi lokhohlo. Futhi ngangisohlangothini lokhohlo, ngisiya entshonalanga emgwaqweni, kukhangeleka sengathi, ngidinga inkomo. Futhi kuhlangothi lokunene, ngenzakala ukunanzelela emva sengifike phansi lapho, wawulapho. Futhi wawubutha umhlambi omkhulu wenkomo, futhi kwakulokudla okunengi khona lapho.” Futhi wathi, “Khona-ke wathola lezo nkomo futhi waqala ukuzibuyisela phezulu emfuleni.” Futhi, kwakukhangeleka, ukuthi ngangimvumela ngekhandi ukuthi akhangele lezo nkomo. Futhi wathi, “Manje, kuzakubalula kulezonkomo, ngiyazi zizahamba indlela enganzima. Kodwa uMfowethu Branham uzifuna zihlale kuhlangothi lokwesokunene salowo mfula, ngakho ngizabuyela phezulu kulunguwaqo futhi ngizivimbele zingachaphi umfula kuloluhlangothi, futhi ngizihlalise kuloluhlangothi.” Kodwa, wananzelela, angizange ngizilandele inkomo, kodwa ngahamba, ngisiya entshonalanga. Wathi, “Kumele ukuthi udinga ezilahlekileyo.”

<sup>137</sup> Engakaqedi ukulikhuluma iphupho, ngalibona. Futhi-ke, nanzelela, wathi waqala ukukhathazeka ngami, ngakho wabuyela emuva ukuyakhangelana. Futhi wathi ngangisiza entabeni eqinileyo, futhi khonapho nganyamalala. Futhi wamangala lokho okwakuphambanisekile. Wehla phansi. Futhi-ke wayelesifudlana esincinyane kuhlangothi lwakhe, esehlukana sisiya kwesokhohlo. Ngicabanga ukuthi kunjalo, Mfowethu Beeler. Yebo. Futhi wananzelela kusukela. . .

Futhi khona ngasohlangothini lwami kwakulempophoma ezesabekayo. Futhi-ke wacabanga ukuba ngangingabe ngingene kulezo mpophoma futhi—futhi ngabhubha. Khona-ke wananzelela, futhi wathi wakhangela ngalapho, wabona okwakusenziwa yilezo mpophoma, zazehle phansi ngalindlela futhi zabangela umthombo ontshazayo ukuthi untshaze, kodwa amanzi ayengabuyeli phansi emhlabathini. Wakhangela okuyisifudlana, kumbe isifula esincinyane, futhi wabona okunye okuzinyamazana okuncinyane okulendlebe eziyindingilizi. Futhi wathi, “Ngiyakholwa ngizathatha okukodwa.” Futhi wachapha.

<sup>138</sup> Khona-ke waqala ukucabanga ngami. Futhi waqansa phezu kwedundulu elincinyane, ukukhangela futhi abone uba kwakulokuncinyane, okuncane, okuliliwa okunciphileyo, liyazi, lokho ngabe ngakubhoda lapho. Kodwa, wathi, “Kwakungela lutho.” futhi wakhathazeka. Wathi, “Kuyini okwenzakale kumfowethu? Angazi lokho okwenzakele kuMfowethu Branham?” Futhi lapho eseyesaba, wathi wangezwa ngikhuluma. Futhi ngangimile phezu kwesiqongo sentaba. Futhi ngatshela uMfowethu Beeler incazelo yephupho engangimuphe lona kungasikude, futhi ngamtshela ukulinda eNkosini, ukuthi ngolunye usuku ngizahlangana laye esihlengeni. Futhi nango elapho.

<sup>139</sup> Manje, incazelo yalelo phupho yilokhu: Njengokuba isifula sasibanzi, kwakuyisifula sempilo. Ngangisiya entshonalanga kuso, futhi laye; ngoba, wayesemgwaqweni, wayegijima kancinyane. . . phansi kulumgwaqo. Futhi kolunye uhlangothi kwakulotshani obunengi, kodwa izixuku ezinengi, lameva, legusu; kodwa phakathi lapho kwakulotshani olunengi. Futhi yindlela esidinga ngayo iNkosi, loKudla kweNkosi, ngobunzima. Ukubutha inkomo, kwakuyileli ibandla, ukubagcina kulolo hlangothi. Inkomo ngempela zihamba emgwaqweni ololongekileyo, inhlanganiso yesonto, nxa zingakwenza; okuyikuthi, umgwaqo wawumela inhlanganiso yesonto. Ngaqala ukumbuyisela emgwaqweni, ukubona ukuthi abayi kuloba yiphi inhlanganiso yesonto.

<sup>140</sup> Ukuthi wabona umduli owawungenzeki ukuwuchapha, lokho kwangivimbela ukuya entshonalanga, kwakuyileyo ndaba yomthelo kuhulumende. Akula muntu ongazwisisa ukuthi ngaphuma njani kiyo. Kwakungumduli owangivalelayo, kodwa iNkosi yangidlulisa kuyo, futhi ngaledlula. Ngizahlangana lawe, Mfowethu Beeler, esihlengeni.

<sup>141</sup> Ngakho manje, khona-ke, masinyazana ngemuva kwalokho, uMfowethu Roy Roberson. Mfowethu Roy, ungabe ulapha na lobubusuku? Yebo, ngi—ngiyakholwa. . . Ini? [Umzalwane uthi, “Ngaseceleni.”—Mhl.] Ngaseceleni. Wangifonela, futhi wayelephupho. Futhi waphupha ukuthi sasibutha inkomo. (Manje, lelo ngelesithathu.) Sibutha inkomo. Futhi

kwakulotshani, olukhawula esiswini, kugcwele ukudla. Sonke abazalwane sasindawonye. Futhi sabuya endaweni ukuba sidle, futhi uMfowethu uFred Sothmann waphakama futhi wathi, “UElija, umprofethi omkhulu, uzakhuluma kusukela lapha lamuhla, emini.” Futhi-ke lapho sonke sesidlile, wonke umuntu wahamba, futhi wamangala kungani bengazange balindele ukuKuzwa kukhulunywa.

<sup>142</sup> Manje, bona ukuthi lokho kuhambelana njani xathu loMfowethu Jackson! Bona, lokho kutshaya xathu, khona xathu, lokho uMfowethu Beeler akutshoyo! Akula ngitsho owalindayo, ukuze afumanise.

<sup>143</sup> Nanzelela, masinyazane emva kwalokho. Dade Collins, ungabe ulapha? UDade Collins waphupha iphupho lokuba lapha ebandleni, futhi kwakulomtshado owawulungiselela ukuthatha indawo. Futhi lapho ekwenza, wabona uMyeni engena, ephelele; kodwa uMlobokazi waye ngaphelelanga kangako, kanti kwakunguMlobokazi; manje, lelo liBanda. Futhi kwakungathi kulesidlo, kumbe i—inkonzo ithathi ndawo lapha, njengokudla kubekwa. Futhi kwangathi kuyambamba ngokuthi uMfowethu Neville wayephakulula ukudla ebandleni, kodwa wathi kwakuyiKudla okwedlula konke ake wakubona. Wayelambile sibili. Kodwa wacabanga mhlawumbe ukuthi, ephutsheni, ukuthi wayengamelanga aKuphakulule, futhi yena loMfowethu Willard babezakuya phezulu eRanch House futhi badle. Futhi lapho bekwenza, ukuKhanya ohlangothini lwesandleni sokunene kwacima. Manje, liyazi ukuthi Lokho kuyini.

<sup>144</sup> Manje, uKudla. UMlobokazi akaphelelanga, kodwa uMyeni uphelele. UMlobokazi akakapheleli okwamanje, kodwa uKudla lokho okwakunikezwa kwakungasikho kudla kwemvelo, yiKudla kukamoya lokho ebelikade lisiba lakho, isikhathi sonke.

Mangime lapha kulelo phupho lesine, okwesikhatshana nje.

<sup>145</sup> Alikhumbuli, Mfowethu Fred Sothmann, Mfowethu Banks Wood, lapho siphandle eArizona umnyaka odluleyo, lapho siphandle sizingela ingulube zeganga, futhi iNkosi yakhuluma? Alizazi izinto Azenzayo ngokupheleleyo, etshengisa lokho okwakuzagcwaliseka, lapho siqhubeka sihamba emgwaqweni? Nxa kunjalo, lina bazalwane ababili wothini, “Ameni.” [Abazalwane ababili bathi, “Ameni.”—Mhl.] Akaze aphuthise.

<sup>146</sup> Futhi ngabona embonweni lapho sitshayela, ngolunye usuku, u—umbono weNkosi weza kimi, futhi ngangilungiselela uku, ngaleso sikhathi, lapho ngiphenduka ekhaya, ukuya phetsheya kolwandle. Futhi lapho ngisiya phetsheya kolwandle, awu, ngabona emkhumbini. . . kumbe eceleni kolwandle, lapho imikhumbi eyayiphuma khona. Futhi kwakukhona encinyane, indoda emfitshane lapho, futhi yathi, “Ngikulungiselele isikepe,

Mfowethu Branham.” Futhi kwakuyisikepe esincinyane, phose—phose ifidi ubude, kodwa sasimhlophe njengongqoqwane. Futhi wathi kimi, “Lokhu ngokwakho ukuthi uchaphe ukukho.”

“O,” Ngathi, “a—a—akwenelanga.”

<sup>147</sup> Wathi, “Kuzahamba amamayila angamatshumi amane ngehola, phezulu-la-phansi *lindlela*.” Lokho, kuphezulu-la-phansi okhunjini.

“Kodwa,” Ngathi, “akusoze kungichaphise.”

<sup>148</sup> Futhi-ke wakhangela phansi, futhi wathi, “Hamba ngendlela abahamba ngayo.” Futhi ngakhangela, futhi kwakuloMfowethu uFred Sothmann loMfowethu uBanks Wood, behlezi esikepeni esincane esipendwe ngokuluhlaza, kanye lezinye impahla zokubopha ithente ngemuva kwaso. UMfowethu Banks elengwane epheqelwe phezulu njenga *lokhu*; UMfowethu Fred leyakhe ifotokele phambili. Futhi wathi, “Hamba njengabo.”

Ngathi, “Hatshi. Angingeke.”

<sup>149</sup> Futhi lindoda yathi kibo, indoda encinyane, yathi, “Lingamadoda esikepe na?”

UMfowethu Banks wathi, “Yebo.” UMfowethu Fred wathi, “Yebo.”

<sup>150</sup> Kodwa ngathi, “Ayisibo. Ngiyindoda yesikepe, futhi ngiyazi angisoze ngihambe okwalokho nje, futhi ngileqiniso angisoze ngihambe ngaleyondlela.”

Wathi, “Awungeke uhambe labo yini?”

Ngathi, “Hatshi. Hatshi.”

<sup>151</sup> Awu, ngatshibilika. Futhi, lapho ngikwenza, indoda encane okuma khona imikhumbi yaphenduka ukuba ngumfowethu omuhle, uMfowethu Arganbright.

<sup>152</sup> Futhi ngabuyela emuva kulumbono, futhi kwakulesincinyane, isakhiwo eside. Futhi-ke iLizwi lathi kimi. . . Futhi lonke lina liyakhumbula lokhu, kumbe, inengi lenu. ILizwi lathi kimi, “Ngenisani uKudla. Kugcine Phakathi. Yiyo indlela kuphela ukubagcina lapha, yikubanika uKudla.” Futhi ngangenisisa, ngangingenise phakathi, inkalakatha zezigxingi ezinkulu zigwele amakherothi amahle sibili lemibhida emihle sibili, lezinto, esengake ngazibona. Liyakhumbula manje, umbono yini?

<sup>153</sup> Manje, futhi ngalitshela ngokuya kwesikhathi lokho incazelo eyayiyikho. Kwakumele ngiye eZurich, Switzerland, loMfowethu Anganbright, okwemihlangano yobusuku obuhlanu. Ngatshela abazalwane kungakenzakali, “Angiyi kuhamba.” Futhi ngangiphansi loMfowethu Welch Evans phansi lapho, lapho Kusipha incazelo.

154 Obunye ubusuku, ngiyakholwa uMfowethu Welch wabuya futhi wangithatha, sasisiya ohambweni lokuyagola, futhi wathi uMfowethu Arganbright wayengibiza. Ngathi, “Kulungile, nanku lapha. Bazangiyalela.” Futhi izikhathi ezinengi . . .

155 Hatshi ngoMfowethu Miner; ungomunye wabangane abahle sibili. Kodwa kwezinye izikhathi, nxa nje bengalala . . . Nxa becabanga ukuthi uzakuyatshumayela enye into ephikisana lemfundiso yabo, baphonguthi uzakuba khonale, ukuthola abangane bakho lapho. Futhi bathi . . .

156 UMfowethu Arganbright wangibiza futhi wathi, “Mfowethu Branham,” khona nje lokho uMoya okukhulumileyo. Wathi, “Wena buya, letha umkakho kanye lawe,” wathi, “ngoba awuyi kutshumayela kangako,” wathi, “ngoba ngicabanga ukuthi bakutholele kuphela okobusuku obubodwa.” Futhi wathi, “Ungezakutshumayele labona lobo.”

Futhi ngathi, “Hatshi.”

157 “Awu,” wathi, “woza, wena lomkakho, lonke lina wozani, bona, futhi nxa lingabuya, ngizalivakatshisa. O, umkami, umkakho, labo bonke, sizakuya sedlule eSwitzerland, khonale sidlule ePalestina.”

Ngathi, “Hatshi.”

158 Ngangilencazelo. Ngatshela uMfowethu Welch, kumbe uMfowethu Fred labo, “Ngizalitshela ekuseni, kodwa kuqala umkami kufanele akhulume olunye ulutho.” Futhi lapho ngimbiza, khona-ke wayala ukuhamba. Ngathi, “Nanku lapha.” Bona?

159 Manje, leso esincinyane isikepe esimhlophe kwakuyilowo mhlangani owodwa. Kulungile ukuhamba lobangaphi lapha, okhunjini, ngomhlangani owodwa, kodwa akwenelanga, lanxa kwakumhlophe futhi kukuhle, ukungibiza ngaphetsheya kolwandle.

160 UMfowethu Fred, lomfowethu lapha, bemelwe embonweni, babemela, “Hambani njengesivakatshi, ukuyozikholisela.” Kodwa angizange ngibe lendaba lokwenza lokho. Futhi ukubayalela ukuba ngamadoda esikepe, kwakusitsho ukuthi babengasibatshumayeli. Kodwa, ngangungumtshumayeli.

161 Futhi-ke uKudla kuleso esincinyane, isakhiwo eside. Angizange ngihambe phetsheya kolwandle; futhi ngabuyela kulesi sakhiwo esincinyane, futhi senza amadazeni amathephu, amaphiramidi lakho konke, ukutshengisa abantu ihola esiphila kilo.

162 Manje qathanisa loba lokho kanye lamanye, amaphupho. Lowu kwakungumbono. UKudla, nanku Kulapha. Leyi yindawo.

163 Nanzelela khona-ke lokho okwathathi ndawo. Khona-ke masinya emva kwalowo mbono wesine usiza, kumbe iphupho



lesine ngilitshelwa, kwahle kwabuya uMfowethu Parnell. Yena ulapha, kwenye indawo, khona lapha. Futhi uBilly ubengekho lapha, njalo lindoda yayiphaphathekile. Uvela eBloomington, ngiyakholwa, kumbe eBedford? [Umzalwane uthi, “Lafayette.”—Mhl.] Lafayette, ephatha imihlangano. Futhi wayelephupho, futhi wehla phansi kuMfowethu Wood. Futhi wathi, “Angingeke nje ngiyekele lokhu kuhambe. Kufanele ngikukhulume, kufanele ngitshela uMfowethu Branham. kuyangikhathaza.”

<sup>164</sup> Futhi uNkulunkulu uyakwazi, ngitsho lephupho elilodwa phakathi kwabo. Abuya nje, elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha.

<sup>165</sup> UMfowethu Parnell wathi, “Ngaba lephupho elingazwisisekiyo. Ngaphupha ukuthi ngangizakuba lomhlangano phezulu ngale. Futhi ngeyinye indlela, kulomhlangano lapha ebandleni elitsha, sengathi.” Futhi wathi, “Lelibandla elitsha,” ngokuphuma okwakwenzayo, ukuthi wamangala kungani babengavumelani phakathi kwawo womabili, kumbe enye into ngaleyo ndlela. Futhi wathi wayemile lapha, kwaze kwathi, “Awu, bengiphakathi lapha. Ngizalinda nje, futhi ngizayimela inkonzo.” Futhi wathi, “Indoda yeza phakathi kwesakhiwo, igqoke isutu ensundu, lebhuku. Ngicabanga ukuthi wayebhala.” Futhi watshela uMfowethu Parnell, wathi, “Lowu ngumhlangano wabakhethiweyo. Ngowamadikhoni labaphathi kuphela.” Awu, wezwa sengathi ukhubakele kancinyane. Ngakho waphuma emnyango webandla elitsha, ibandla elalaxhiwe, kumbe leli elalilungisiwe, elavuswayo. Futhi lapho esephume phandle, kwakusina ungoqwane, umkhathi omubi, isikhathi sebusika.

Futhi akula loyedwa walaba abantu owayesazi ulutho ngalokhu.

<sup>166</sup> Futhi lapho esephume phandle emnyango, ngangimile khonapho, ngikhangele entshonalanga. Ngathi, “Ungazizwa ukhubekile, Mfowethu Parnell. Ngizakukuqondisa, lokho ofanele ukwenze.”

<sup>167</sup> Futhi uMfowethu Parnell, loba nguwuphi wabo bonke, babesazi ukuthi angizange ngibatshele incazelo. Kukhona manje; kukanti, ngikubona lapho bezakukhuluma. Lananzelela ukuthi ngasuka masinyane njani phandle kwalapho, Mfowethu Parnell? Ukuthi ngingakutsheli. Futhi ngaqhubeka ngaya phezulu, angizange ngitsho lutho kuMfowethu Wood kumbe loba ngubani, loba kubani. Ngakutshiya nje, ngoba ngangifuna ukubona lapho okwakuqonda khona. Langizwa ngisithi isikhathi esilutshwana esedluleyo, “Ngikhathazekile”? Yikho lokho okwakuyikho.

<sup>168</sup> Futhi-ke, uMfowethu Parnell, wathi ngathi kuye, “Mfowethu Parnell, qalisa. Futhi indawo yokuqala ozabuya kiyo izakuba nguZipporah.” Zipporah, “Zipporah,” lokho

okutsho ihayifeni, kumbe mana, kumbe enye into. Ngathi, “Ungahlali khona lapho. Khona-ke hamba, kwelandelayo, futhi uzathola umfazi omdala; futhi-ke ungami khona lapho. Hamba njalo, uzathola umfazi omdala sibili; ungami lapho.” Futhi sonke isikhathi sinjalo, ngangikhuluma, sasihamba phakathi kongqoqwane. Futhi ngathi, “Hamba uze ufumane uMkami. Futhi lapho ufumana uMkami, mana khona lapho!” Futhi wathi wakhangelela, futhi sasiphandle kongqoqwane, enkangala. Futhi ngasenginyamalele. Futhi wakhangelela emuva, futhi wabona umkakhe epompa amanzi emthonjeni, futhi omunye umtshumayeli emdonsa, ukuthi amdonsele khatshana lephampu. Wayemkhangele. Futhi wavuka.

<sup>169</sup> Nansi incazelo yephupho lakho. Futhi ngabe ngakutshela, lobobusuku, kodwa ngatshibilika nje. Okokuthi lowo Zipporah, loyedwa umfazi omdala, lomunye sibili, umfazi omdala sibili, lawo ngamabandla. Bona? Futhi uZipporah ngempela engu—engumkaMose, uZipporah, futhi siyananzelela ukuthi ngamtshela ukuthi engami kubo, kungelani lokuthi babebadala okunganani. Babezinhlanganiso. Ungami kubo. Sebephile isikhathi sabo. Kodwa lapho esiza kuMkami, lelo okuliBandla lami uJesu Khristu angithumele lona, leli kulolusuku lokucina, futhi nanti Lona lapha, “Mana lapho!” Futhi ngasengihambile entshonalanga.

<sup>170</sup> Khona-ke uDade Steffy. Angabe engekho lapha, ngoba ubesesibhedlela. Angazi ukuthi ngaphi. . . Ngabe uDade Steffy. . .? Yebo, nangu ulapha. UDade Steffy ubuya endlini yami ukuzokhulekelwa, engakayi esibhedlela ukuyahlinzwa, ukuthi uNkulunkulu uzakumsiza futhi ambusise. Futhi ngeqiniso wakwenza.

Futhi wathi, “Ngibelephupho elingazwisisekiyo, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Yebo?”

<sup>171</sup> Futhi wathi, “Ngaphupha ukuthi ngangiphandle eNtshonalanga. Futhi ngi. . .” Lelo ngelesithupha. Futhi wathi, “Ngaphupha ngangiphandle eNtshonalanga, futhi kulelizwe elichayekileyo. Futhi lapho ngikhangelela, kumi phezu koqaqa, kwakulendoda endala sibili elendevu ezinde, ezimhlophe, futhi inwele ayelazo zazikhule zehla phansi ebusweni bakhe. Futhi waye wayethand- ngokumhlophe, enye into, isambatho,” wathi, “umoya wawusiphephula.” Ngicabanga kunjalo, Dade Steffy, njengalokho. Futhi wathi, “Ngaqhubeka ngisondele eduzane. Wayemile, phezulu esiqongweni sentaba, ekhangele empumalanga.” Futhi wathi, “Ngamangala, ‘Ngubani lindoda endala na?’” Futhi wasondele eduzane, eduzane. Futhi lapho esesondele eduzane, wananzelela ukuthi kwakungubani. KwakunguElija ongafiyo, umprofethi, emile phezulu lapho ekhangele iMpumalanga.

172 Wathi, “Kumele ngimbone.” Wayelesidingo. Futhi wagijima phezulu oqaqeni futhi wawela phansi lapho, ukukhuluma laye, ebizweni lika Elija. Futhi wathi, lapho ekhuluma... Wezwa ilizwi, wathi, “Kuyini okufunayo, Dade Steffy?” Futhi kwakuyimi.

173 Iphupho lakho lagwaliseka khona lapho, Dade Steffy. Ngoba, masinyane emva kwalokho, ngasengihambe eLouisville. Lokho ayekufuna kwakungumkhuleko. Bona? Futhi wedlula kahle lapho, esibhedlela; futhi isibonakaliso ngami ngisiya entshonalanga, ngikhangele empumalanga, umhlambi wami. Nanzelela. Lapho...

174 Ngaya eLouisville. Futhi lapho ngiphenduka, ngangathi ngiyangena esangweni, futhi kwakulezikhuni ezafuqelwa lapho, esangweni lami. UMnu. Goynes, wesitalada sedolobho lapha, wayehamba esenyuka isitalada. Wathi, “Billy, buya lapha.” Wathi, “Kufanele ususe amasango akho lezinto, uthango, uthango lwamatshe lamasango.”

Ngathi, “Awu, kulungile, Bill.” Ngathi, “Ngiza—ngizakwenza. Nini na?”

175 Wathi, “Ngizakutshela. Ngizakwazisa ukuthi nini.” Ngathi... “Khona ekuqaleni komnyaka, bazaqala ukukwenza.”

Ngathi, “Kulungile.”

176 Ngakho ngaqala ukubuyela endlini futhi umkami wathi, “Kumele ngihambe emagiroso khona ngokuphangisa.” Futhi ngehla phansi ngomgwaqo. Futhi umfana, uRaymond King, okungumanjinela wedolobho. Ngihlala ngimbiza “Ndlebe yoDaka.” Ngoba, sasingabantwana abancinyane, sibhukutsha ndawonye, watshaya undoda endlebeni ngesigaqa sodaka. Futhi sasihlala simbiza “Ndlebe yoDaka.” Uhlala khona phansi emgwaqweni kusuka kimi, phose—phose umnyango wesibili ngaphansi kukaMfowethu Wood.

Futhi-ke ngathi, “Daka, buya lapha okomzuzu.”

Wathi, “Kulungile, Billy.” Futhi wabuya khona lapho.

Ngathi, “Leso sikhonkwane ositshayelegele phansi?”

177 Wathi, “Billy, kuyi, bazangenisa yonke into phakathi.” Wathi, “Zonke lezi izihlahla, intango lezi, lakho konke okunye, kumele kususwe.”

178 Ngathi, “Awu, umanjinela ungitshela ukuthi umuzi wami ungena phakathi kwesitalada.”

179 Wathi, “Yebo, kodwa, kodwa bazakuqhelisa. Bazakungenisa phakathi, kungenani.” Wathi, “Lowami futhi.”

180 Ngathi, “Awu, uMfowethu Wood ungu—ungumbazi wamatshe, futhi,” Ngathi, “Ngiza—ngizamenza akubuyisele emuva.”

181 Ngathi, “Billy, ungakubambi. Yeka ukontilaka akwenze lokho. Leyo yindlu yomfundisi, akusiyo na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzana.”

Wathi, “Myeke akwenze.” Wathi, “Uyazi lokho engikutshoyo.”

Ngathi, “Yebo.”

182 Futhi ngatshibilika, njalo, *khonapho* ngokuphangisa, enye into yakutshaya. [UMfowethu Branham utshayanisa iminwe yakhe—Mhl.] Ngaya ngekhaya, ngangena ekamelweni lami lasensitha, ngadobha lelobhuku, futhi nanko kulapho. Kwakungasiwo mabhuloko ekhonkili; kwakungamatshhe. Ngathi, “Meda, lungiselela.”

183 Amaphupho ayisithupha elandelana, futhi-ke umbono wakuphetha. “Lapho lezi zinto zigcwaliseka, phendukela entshonalanga.”

184 Ngafonela eTucson. UMfowethu Norman ulendawo. Kangazi ukuthi ngiya ngaphi. Angazi ukuthi ngenzeni. Ngiphakathi nje kwe...Ngimile. Angazi okokwenza. Ngitshiya ikhaya engingadingi ukubhadala irenti. Iholo lami ngamadola alikhulu ngeviki. Futhi ngiphosa ngibhadalele indlu amadola alikhulu ngenyanga. Ngilapha kanye labafowethu labodadewethu, lapho engithandwa khona. Futhi ngiyahamba, angazi ukuthi ngaphi. Angikwazi ukuthi ngani. Angeke ngilitshele ukuthi kungani. Kodwa kulento eyodwa engiyaziyo, yikulandela lokho Athi ukwenze. Angikwazi, ukwazi ukuthi yiphi indlela yokuya kuyo, lokho okokwenza. Akulani lowami. . .

185 Ngicabanga uAbrahama wezwa ngaleyo ndlela lapho Emtshela, “Hamba nganeno, ngaphetsheya komfula.” Akazange abekwazi lokho okokwenza kodwa ukuba yisihambi, ukuzehlukhanisa. Angizange ngibe kwazi ukuthi ngenzeni.

186 UMgqibelo odluleyo ekuseni, iviki eyodwa kusukela izolo, sokungaba ngesithathu nta ekuseni, Ngasengivukile futhi nganatha amanzi, futhi ngembathisa uJoseph ingubo, ekamelweni lakhe. Futhi-ke ngaphenduka, futhi ngangilele phansi nje. Ngalala. Futhi lapho ngisiyalala...Ngiveza lawamaphupho amancinyane lezinto, ukuze libone isisekelo salokho engilungiselela ukukukhuluma. Nge—ngembathisa uJoseph, futhi ngabuyela futhi ngalala phansi, futhi ngalala. Futhi ngaphupha iphupho.

187 Futhi ngaphupha ukuthi ngabona indoda eyayifanele ukuba ngubaba wami, lanxa wayeyindoda enkulu. Futhi ngabona umfazi owayefanele ukuba ngumama wami, kuphela wayengakhangeleki njengomama wami. Futhi lindoda yayilolunya kumkayo. Futhi wayelokhuni olulamakhona amathathu, lapho ayebaze khona lolukhuni. Futhi kwenza i. . . Liyazi, isiqephu sokhuni, esigodweni, liyazi, kwenza ukhuni

olulamakhona amathathu. Futhi sonke isikhathi lumfazi eqala ukusukuma, wayembamba nje ngentamo yakhe futhi amtshaye ekhanda lakhe, futhi amwisele phansi. Futhi-ke wayelala lapho, futhi ayobayobe futhi akhale, futhi-ke wayezaqala ukuphenduka njalo. Wayehamba hamba, eziqhenya, isifuba sakhe siphandle, undoda omkhulu. Futhi lapho evuka njalo, wayembamba ngentamo, futhi athathe ugodo lwakhe olulamakhona amathathu, futhi amtshaye ekhanda lakhe ngalo, amwisele phansi. Abuyele ngemuva futhi akhuphele phandle isifuba sakhe, engazathi wayeyenze into enkulu.

<sup>188</sup> Futhi ngangimile ibanganyana, ngikukhangele. Ngacabanga, “Angeke ngilwise leyo ndoda. Umkhulu kakhulu. Futhi, khona-ke, umele abengubaba wami, kodwa akasuye baba wami.” Futhi ngathi, “Akafanelanga ukuphatha lowo mfazi kanjalo.” Futhi ngangathi ngiyacaphuka kancinyane ngaye. Ngakho, khona-ke, khonapho-khonapho, ngathola isibindi esaneleyo, futhi ngaya kuye, futhi ngambamba ngekholo futhi ngamtshibilikisa. Futhi ngathi, “Kawulalungelo lokumtshaya.” Futhi lapho ngikhuluma lokho, imisipha yakhula. Ngakhangeleka njengesiqhwaga. Futhi indoda yakhangela kuleyo misipha, futhi-ke wangesaba. Futhi ngathi, “Ungamtshaya futhi, uzaqedelana lami.” Futhi wangathi uyathikaza ukumtshaya njalo. Futhi-ke ngavuka.

<sup>189</sup> Futhi ngalala lapho okwesikhatshana. Ngacabanga, “Kuyini lokho na? Kakuzwisiseki ngiphupha ngomfazi lowo.” Futhi ngesikhatshana nje, nangu Esiza. Ngathola incazelo.

<sup>190</sup> Umfazi umela ibandla lomhlaba, lamuhla, wonke umhlaba. Ngazalelwa khona phakathi kwalinyakanyaka, futhi nanku ngilapha. Ufanele ukuthi abe sengathi ungu—ungumama we . . . nxa waye ngumama wesifebe, kanti ngazalelwa phakathi kwakho. Futhi i . . . Indoda yakhe zinhlanganiso zamasonto ezimbusayo. Ukhuni olulamakhona amathathu ayelalo, lubhaphathizo lweziqu ntathu emabizweni amanga, ukuthi, sonke isikhathi eqala ukuphakama, ibandla, ukuKwamukela, uyamtshayela phansi ngalo. Futhi, yebo, yena emkhulu kangako, ngatshibilika, ngangimesaba kancinyane. Futhi-ke ngagijimela kuye, kungenani, futhi imisipha yayiyimisipha yokholo. Lokho kwangenza ngacabanga, “Nxa uNkulunkulu elami, futhi engangipha imisipha, makuthi ngimmele. ‘Yekela ukumtshaya!’”

<sup>191</sup> Kwakumele kulitshumi nta ekuseni, lapho umkami ezama ukungena ekamelweni, futhi kwenzakala. Ngangena embonweni ngalokho kusa, futhi mina ngenye indlela . . . Manje, khumbulani, kwakungayisilo phupho.

<sup>192</sup> Kulomehluko phakathi kwamaphupho lemibono. Amaphupho kulapho ulala. Imibono, lapho ungalalanga. Sizelwe ngaleyo ndlela. Umuntu ojwayelekileyo, lapho

ephupha, kusekuzweni kwakhe okuncane. Futhi ukuzwa kwakhe okuncane kukude laye. Imizwa yakhe iyasebenza, inqe esekuzweni kwakhe kokuqala. Kulokhu kuzwa, wena, ungojwayelekileyo; uyabona, uyanambitha, uyathinta, uyanuka, uyezwa. Kodwa lapho usekuzweni kwakho okuncane, ulele, kawuboni, lokunambitha, lokuthinta, lokunuka, kumbe ukuzwa. Kodwa kulenye into, lapho uphupha, ukuthi uyabuyela kulokhu ukuzwa. Kulomkhumbulo, ukuthi uyakhumbula into owaphupha ngayo, iminyaka edluleyo. Umuntu ojwayelekileyo ungaleyo ndlela.

<sup>193</sup> Kodwa lapho uNkulunkulu emisela ulutho ngaphambili, lokhu ukuzwa okuncane akukude kangako lalapha, kumboni, kodwa ukuzwa kokubili kukhona ndawonye. Futhi umboni, embonweni, akalali. Ulokhu esemizweni yakhe, futhi uyakubona.

<sup>194</sup> Ngangichasisela lokho kwabanye odokotela, ngolunye usuku. Futhi basukuma futhi bathi, “Kuyamangalisa. Asikaze sicabange lokucabanga ngento enjalo.” Lapho ngihlolwa igagasi, futhi bathi ngi. . . Babengakaze babone into enjengaleyo. Bona? “Awu,” wathi, “kulento eyenzakalayo kuwe.” Futhi ngathi. Ngakukhuluma. Wathi, “Yikho, kanye.” Bona?

<sup>195</sup> Ukuzwa okubili kuhlala khona ndawonye. Akusilutho engingalwenza, futhi akungenzi ngedlule omunye umuntu. NguNkulunkulu nje, wakwenza ngaleyo ndlela. Awuyilala. Ukhona lapha, njengokulala. Umile lapha, ukhangele phandle, njenga *lokhu*.

<sup>196</sup> Futhi lonke lina likubonile, kumhlaba wonke jikelele. Awuyilala. Umile lapha kupulathifomu, ukhuluma ebantwini, liyangizwa ngingena emibonweni futhi ngiphenduke. Lapho ngigade imota lawe, loba ngaphi, futhi ngikutshela izinto ezizakwenzakala; futhi azehluleki, azikaze. Ukhona owake wakubona kusiba liphutha yini? [Ibandla lithi, “Hatshi.”—Mhl.] Hatshi, mnumzana. Akungeke kube liphutha. Akusoze kube liphutha, ingqe kunguNkulunkulu. Nanzelela, khona kupulathifomu, izinkulungwane, phambi kwamatshumi ezinkulungwane zabantu, lakwezinye izinlimi engingenelisi lokuzikhuluma, kunjalo akubi liphutha. Bona? NguNkulunkulu!

<sup>197</sup> Manje, kulumbono, kumbe njengoba bengikhuluma, ngakhangela futhi ngabona into engazwisisekiyo.

<sup>198</sup> Manje, kwakhangeleka engazathi indodana yami encinyane, uJoseph, yayiseceleni kwami. Ngangikhuluma laye. Manje, nxa lingakhangelisisa umbono, lizabona kungani uJoseph wayemile lapho.

<sup>199</sup> Futhi ngakhangela, futhi kwakulegwenzi elikhulu. Futhi kuleligwenzi, e—exukwini lenyoni, inyoni ezincinyazane, ezingaba yingxenye ye-intshi ubude, lengxenye ye-intshi

ukuphakama. Zazindalanyana. Insiba zazo ezincinyane zaziphundlekile. Futhi kwakukhona ezazingaba mbili kumbe ntathu ogatsheni oluphezulu, eziyisithupha kumbe eziyisificaminwembili kolunye ugatsha, futhi ezilitshumi lanhlanu kumbe amatshumi amabili ogatsheni olulandelayo; zisehla phansi esimweni sephiramidi. Futhi lezo nyoni ezincinyane, izithunywa ezincinyane, futhi zaziguge kakhulu sibili. Futhi zazikhangele empumalanga.

<sup>200</sup> Futhi ngangise Tucson, Arizona, embonweni, ngoba kwakwenza ngokwenjongo ukuthi Wayengafuni ukuthi ngehluleke ukukubona ukuthi kwakungaphi. Ngangizicutha inzala, enkangala. Futhi ngathi, “Manje, ngiyazi lowu ngumbono, futhi ngiyazi ukuthi ngiseTucson. Futhi ngiyazi ukuthi zona inyoni ezincinyane lapho zimela enye into.” Futhi zazikhangele empumalanga. Futhi kungananzelelwe zathatha umqondo wokuphapha, futhi zasuka zahamba, empumalanga.

<sup>201</sup> Futhi khonapho zisuka, ixuku lenyoni ezinkulu labuya. Zazikhangeleka njenga majuba, impiko ezicijileyo phambili, ezingathi zingumbala oyimpunga, umbala okhanyayo kancinyane kulalokho lezi zithunywa ezincinyane zokuqala ezaziyikho. Futhi zazisiza empumalanga, ngesiqubu.

<sup>202</sup> Futhi kungathathanga isikhathi zisuke emehlweni ami, ngatshibilika njalo ukukhangela entshonalanga, futhi lapho kwenzakala. Kwaba lokudubuka okwanyikinya sibili umhlaba wonke.

<sup>203</sup> Manje, lingakweqi lokhu. Futhi lina, elisethephini, wobani leqiniso ukuthi liyakuthola kahle lokhu.

<sup>204</sup> Kuqala, ukudubuka. Futhi ngacabanga ukuthi kwazwakala sengathi yisivimbamsindo, loba yini elikubiza khona lapho indizamtshina zisedlula umsindo, futhi umsindo uyaphenduka emhlabeni. Kwanyikinya nje, sengathi, kwaduma, yonke into. Khona-ke, kwakungabe kube yi–yi–yikukhwaza okukhulu komdumo, lombane, kanjalo; Angizange ngibone umbane. Ngezwa nje lokho kudubuka okukhulu lokho okwaphumayo, okwazwakala engathi kwakuseningizimu, kusukela kimi, kusiya eMexico.

<sup>205</sup> Kodwa, kwanyikinya umhlaba. Futhi lapho kusenza njalo, ngangilokhu ngikhangele entshonalanga. Futhi khatshana khonale ePhakadeni, ngabona ixuku lenye into lisiza. Kwakhangeleka engazathi kwakungabe kungamachatha amancinyane. Ayengabe engekho ngaphansi kwamahlanu, futhi engedluli ayisikhombisa. Kodwa, Ayesesimweni sephiramidi, njengalezi izithunywa zisiza. Futhi lapho kukwenza, Amandla kaNkulunkulu uSomandla angiphakamisela phezulu ukuhlangana Lazo.

<sup>206</sup> Futhi ngiyakubona Khona. Akuzange kungitsiye. Insuku eziyisificaminwembili sezedlule, futhi angeke ngikukhohlwe,

lamanje. Angikaze ngibe lolutho olungikhathazayo njengalokho okukwenzileyo. Imuli yami izalitshele.

<sup>207</sup> Ngangibona lezo Ngilosi, lezompiko ezilolongekele emuva, zigijima ngesiqubu esedlula umsindo ongagijima ngaso. Zabuya zivela ebulaPhakadeni, khonapho, njengokuphazima kwelihlo. Kungenelisi ukuthi ucwayiza ilihlo lakho, ukubayima nje, Zasezilapho. Angizange ngibe lesikhathi sokubala. Angizange ngibe lesikhathi esedlula ukukhangela nje. EZinkulu, inkalakatha, zeNgilosi ezilamandla, ezimhlophe njengongqoqwane; amaphiko ebekiwe, lamakhanda. Futhi Zazi, “Whew-whew!” Futhi lapho kukwenza, ngahluthulelwa phezulu kuliphirami yexuku.

<sup>208</sup> Futhi ngacabanga, “Manje, lokhu yikho.” Ngazizwa ngilenkantsho ndawo yonke. Futhi ngathi, “O, minabo! Lokhu kutsho ukuthi kuzakuba lokudubuka okuzangibulala. Ngisekucineni komgwaqo wami manje. Akumelanga ngitshela abantu bami, lapho lumbono usuka. Kangifuni ukuthi bazi ngakho. Kodwa, uBaba oseZulwini ungivumele khathesi ukuba ngazi ukuthi isikhathi sami sesiphelile. Futhi kangiyi kutshela imuli yami, ukuze bakhathazeke ngami, ‘Ngoba, uselungiselela ukuhamba.’ Futhi iNgilosi lezi zilande mina, futhi ngizabulawa masinyane manje kolunye uhlobo lokudubuka.”

<sup>209</sup> Khona-ke kwasekusiza kimi, lapho ngisexukwini leli, “Hatshi, lokho akusikho khona. Ngabe kungakubulala, kwakungabulala uJoseph.” Futhi ngangisizwa uJoseph engibiza.

<sup>210</sup> Awu, khona-ke ngasengitshibilika njalo. Ngacabanga, “Nkosi Nkulunkulu, utshoni lumbono na?” Futhi ngamangala.

<sup>211</sup> Futhi-ke kwasekusiza kimi, (hatshi ilizwi) kweza kimi nje. “O! Lezo ziNgilosi zeNkosi, zisiza ukuzonginika umsebenzi wami omutsha.” Futhi lapho ngicabanga lokho, ngaphakamisa izandla zami, futhi ngathi, “O Nkosi Jesu, kuyini Ongabe ufuna ngikwenze?” Futhi umbono wangitshiya. Okwakungaphose kube lihola, ngangengezwa lutho.

<sup>212</sup> Manje, lina bantu liyazi ukuthi izibusiso zeNkosi ziyini. Kodwa, Amandla eNkosi ahlukene kakhulu, Amandla eNkosi endaweni ezinjalo. Ngakuzwa Khona, izikhathi ezinengi, nengi, ngaphambili, embonweni, kodwa kungekho njengalokho. Kuzwakala njengokwesaba okuhloniphayo. Ngangisesaba ngaze ngangezwa lutho, ebukhoneni beziDalwa lezi.

<sup>213</sup> Ngikhuluma iQiniso. Njengo Phawuli watsho, “Kangiqambi manga.” Alikaze lingibambe ngikhuluma into ephambukileyo ngento enjengalokho. Enye into ilungiselela ukwenzakala.

<sup>214</sup> Khona-ke, emva kwesikhatshana, ngathi, “Nkosi Jesu, nxa ngizakubulawa, ngenze ngibekwazi, ukuze ngingatsheli abantu bami mayelana ngalokhu. Kodwa nxa kungenye into ethile, ngenze ngibe kwazi.” Kodwa, akula lutho olwaphendulayo.



215 Emva uMoya usungitshiyile, phose okwengxenye yehola, ngiyathemba, kumbe okwedlulayo, ngathi, “Nkosi, nxa kuyikho, khona-ke, ukuthi ngizakubulawa, futhi Usuqedile ngami emhlabeni, futhi—futhi ngizakuthathwa ukuya eKhaya manje; lokho, nxa kuyikho, lokho kuhle. Lokho kulungile. Ngakho,” ngathi, “nxa kuyikho, ngivumele ngibe kwazi. Thumela Amandla Akho kimi njalo, khona-ke ngizakwazi ukungatsheli abantu bami kumbe omunye umuntu ngakho, ngoba Ulungiselela ukubuya uzongihlwtha.” Futhi ngi. . . Futhi kakulalutho olwenzakalayo. Futhi ngalinda okwesikhatshana.

216 Khona-ke ngathi, “Nkosi Jesu, nxa bekungatsho lokho, futhi kusitsho ukuthi Ulenye into ngami yokwenza, futhi kuzembulwa kimi mbayimbayi, khona-ke thumela Amandla Akho.” Futhi Kwaphosa kwangikhupha ekamelweni!

217 Ngazithola, kwenye indawo, ekhoneni. Ngangisizwa umkami, kwenye indawo, ezama ukunyikinya umnyango. Umnyango ekamelweni lokulala wawukhiyiwe. Futhi ngangileBhayibhili livulekile, futhi la. . . Ngangibala, kangikwazi, kodwa kwakuphakathi, ngiyakholwa, kwabaseRoma isahluko 9, indima yokucina:

*. . . Khangelani, ngibeka eSiyoni ilitshengoni  
ilitshengoni lokukhubekisa, ilitshengoni eliligugu, loba  
ngubani okholwa kuye kayikuyangeka.*

218 Futhi ngacabanga, “Kuyamangalisa ngibala lokho.” Umoya ulokhu ungithwele, ekamelweni! Ngavala iBhayibhili futhi ngema lapho.

219 Ngaya efasiteleni. Kwakungaba ngeletshumi nta ekuseni, kumbe sokwedlule. Futhi ngaphakamisa izandla zami, futhi ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, angizwisisi. Lolu lusuku olungajwayelekanga, kimi. Futhi sengiphambene, phose.”

220 Ngathi, “Nkosi, kutsho ukuthini lokho na? Mangibale futhi, nxa beku Nguwe.” Manje, lokhu kuzwakala njengobuntwana. Futhi ngathatha iBhayibhili, ngalivula. Nanko kulapho njalo, endaweni efanayo, uPhawuli etshela amaJuda ukuthi bazama uku. . . etshela abaseRoma ukuthi amaJuda azama ukukwamukela ngemisebenzi, kodwa kungokholo ukuthi siyakukholwa Khona.

221 Awu, kubeyisikhathi esesabekayo, kusukela lapho. Manje liyabona lapho engime khona. Kangikwazi ukuthi kwenzakalani. Kangikwazi ukuthi ngithini.

222 Kodwa manje makuthi, manje, kusukela manje kusiya, okulandelayo, phose itshumi lanhlano, imizuzu engamatshumi amabili, mangizame ukukhuluma enye into lapha khatsheni. Khumbula, ngitsho lesikhathi esisodwa leyo mibono eyake yabaliphutha. Manje ngizakuthatha iMibhalo okwesikhatshana, nxa lingananzelela, kuSambulo isahluko 10. Manje mangithi lokhu. Nxa umbono ungowoMibhalo, ungachasiswa kuphela

ngoMbhalo. Futhi-ke ngifuna ukuthi lihlanganise lokhu ndawonye.

223 Futhi, manje, lina elikhona, lani elisethephini, wobani leqiniso liyakutsho lokhu ngendlela engikutsho ngayo, ngoba kungabalula ukungazwisiseki.

224 Lijahile na? [Ibandla lithi, “Hatshi.”—Mhl.] Kulungile. Nje. . . Ngiyabonga ngokuba lithule kangaka, kuhle.

Manje, “Ingilosi yesikhombisa. . .”

225 Manje, bomnuzana, (lapho ngisipha lokhu isihloko) lesi yisibonakaliso sesikhathi sokuphela na? Kungaphi esiphila khona? Yisikhathi bani sosuku esiyiso na? Njengobindayo okhathelayo, ubusuku bonke, ephakamisa lokutshibilikisa kunkombalanga, ukukhangela ukubona lokho okuyikho, elumathisa ukukhanya. Umkhuleko wami yikuthi, “Nkulunkulu, masilumathise ukuKhanya.”

226 Ngime endaweni eyesabisayo, nxa kodwa belikwazi. Khumbula, ngilitshela eBizweni leNkosi, ngilitshele iqiniso, futhi enye into ilungiselela ukwenzakala.

227 Kangikwazi. Manje, lina elisethephini, likuthole lokhu. Kangikwazi. Ngizazama. Lokho okwabuya kimi, izolo, ngihlezi ekamelweni lami langasensitha, Angitsho ukuthi lokhu kuliqiniso; kwakuyinto kuphela ehamba enhliziyweni yami, lapho engihambe khona izibuya.

228 Nga—ngangifanele ngehle phansi, ngithole isikhathi esincinyane futhi ngize phansi loCharlie, futhi ngiyezingela laye ngolunye usuku, singakehlukani omunye lomunye.

